2022.004 ukukhushulwa kwamaholo 2022

Malungu

Amalungu azokhumbula ukuba ngowezi-2021, kwasayinwa isivumelwano semfelandawonye phakathi kwezinyunyana nabaphathi mayelana nokukhushulwa kwamaholo onyaka wezi-2022, 2023 nowezi-2024.

Lesi sivumelwano sihlinzekele isimo esiphansi kakhulu sokunyuka ngo-1.75% kunyaka wezi 2022. Nokho, ukunyuswa kwamaholo kuzohambelana ne-CPI kaLwezi (November) yangonyaka odlule futhi kuncike nakwingeniso yeNyuvesi. Uma ukukhushulwa okuhleliwe komholo weNyuvesi kungaphansi kwe-CPI, lokho kuzosho ukuba ukukhushulwa kwamaholo abasebenzi kuzolingana nokukhushulwa kwesabelomali seNyuvesi. Ukukhushulwa kwesabelomali seNyuvesi kuzosuselwa kuxhaso lwe-DHET yeNyuvesi, imali yokufunda kanye nemali yokuhlala. Uma kunoma yimiphi iminyaka, kuyenzeka ukuba ukukhushulwa kwesabelomali seNyuvesi kube ngaphezu kwe-CPI, lokhu kuzosho ukuthi ukwenyuka kwamaphesenti e-CPI kuzoba amaphesenti okuzokhushulwa ngawo amaholo abasebenzi.

*Isibonelo, uma ukukhushulwa (kwemali engenayo yesabelomali seNyuvesi okukhulunywe ngakho ngenhla) ingaphansi kwe-CPI, ake sithi i-CPI ingu-4% kanti isabelomali seNyuvesi sinyuke ngo-3.5%, lokhu kusho ukuthi ukukhushulwa kwamaholo abasebenzi kuzoba ngu-3.5%. Uma ukukhushulwa kwemali engena eNyuvesi ebekelwe isabelomali kungaphansi kwenani elincane lokunyuswa kwamaholo ngo-1,75% ngonyaka wezi-2022, lokhu kusho ukuthi ukukhushulwa kwamaholo abasebenzi kuzoba ngu-1,75%.*

Ekuqaleni kukaZibandlela (December) uSihlalo we-UKSU wabhalela i-ED: HR kabili ecela umhlangano wokucubungula isabelomali esigunyaziwe soMkhandlu kanye ne-CPI kusukela kuLwezi (November). I-ED: HR uhambe waya ekhefini ngaphandle kokuxoxa ngalolu daba futhi uzobuya ekhefini ngesonto elizayo.

I-UKSU ixhumane noMphathi Omkhulu Wezezimali (obuye abizwe nge-CFO) yabe isinikezwa isabelomali sowezi-2022, esinikeza ukulahlekelwa okuphelele ezintweni ezintathu, okuzonquma ukuthi ukunyuka kwamaholo onyaka wezi-2022 kube yi-1.75% njengesivumelwano. Kodwa-ke, kunemibuzo edinga izimpendulo kubaphathi, ukuthi kungani imali ekhokhwayo yokufunda ingeyinhle ngowezi-2022 - lokhu yikho okwenza ukwenyuka sekukonke kwezinto ezintathu kube kubi. I-UKSU icele umhlangano nezinye izinyunyana, ozobanjwa ekuqaleni kwesonto elizayo, ngaphambi komhlangano wezinyunyana ezihlangene nabaphathi.

I-Rewards Services (I-Payroll) ivala izinkokhelo zenyanga kaMasingana (January) ngomhla ziyi-14 kuMasingana. Ngakho-ke, noma yikuphi ukukhushulwa kwamaholo ngeke kuqaliswe kuMasingana (January) wezi-2022. Nokho, uma ukukhushulwa kwamaholo sekwenziwe abasebenzi bazokhokhelwa uMasingana (January) wezi-2022.

Siyabonga

**Ikomidi elimele i-UKSU**

**<u>UKUZIKHIPHA OHLWINI</u>: uma ungasafisi ukuthola imilayezo ye-imeyili evela ku-UKSU sicela uthumele umyalezo ku- uksu@ukzn.ac.za ucele ukususwa kunqolobanemininingo yamalungu**